
Esigodini esithile, kwabe kunokuphikisana kwabantu ngemisebezi eyahlukene.

Wonke umuntu wayecabanga ukuthi umsebenzi wakhe ubalulekile.



Uthisha wathi uyena onomsebenzi obalulekile kunayo yonke.

“Ngaphandle kathisha, asikho isikole, akukho nokufunda.”






Umakhi wathi uyena onomsebenzi obaluleke kunayo yonke.

“Ngaphadle komakhi, ngeke sibekhona isikole sokufunda nezindlu zokulala.”

Umbazi wathi uyena onomsebenzi obalulekile kunayo yonke.

“Ngaphandle kombazi, ayikho impahla yasendlini nesikole.”





Udokotela wazitshela ukuthi unomsebenzi obaluleke kunayo yonke.

“Ngaphandle kodokotela nabahlengikazi, ungagula ufe.”

Umlimi wathi nguye onomsebenzi obalulekile kunayo yonke.

“Ngaphandle kwabalimi, ngeke ubenakho ukudla ozokudla.”





Umfundi waphikisa wathi abafundi yibo abanomsebenzi obaluleke kakhulu.

“Ngaphandle kwabafundi, ngeke babekhona othisha, abakhi, odokotela, abalimi, noma ababazi.”

Ekugcineni, bonke bavumelana ngokuthi yonke imisebenzi ibalulekile.

Siyabadinga othisha, abakhi, odokotela, abalimi, nababazi.

Kodwa wonke umuntu kufanele abe umfundi kuqala!



